Namhlanje ebusuku, uNyanga ulokhu eguquka, ephenduka embhedeni.

Kwenze njani? Wayefuna ukuvuka, kepha kuphakathi kobusuku. Uzokwenze njani, futhi uzovuka ayephi?





UNyanga uhlala nomama wakhe uMaBhiya esigodini saseBhevula.

UNyanga wayecabanga ngegama lakhe kulezinsuku. Wayefuna ukwazi ukuthi ulithole kanjani igama lakhe. Uma ebuza umama wakhe? Umama wakhe uzothukuthela? Wazibuza imibuzo eminingi.

“Kusasa, kuzomele sivuke ekuseni kakhulu, ngikuphelezela esigodini saseMalelane uyofundela ukuba inyanga,” kusho uMaBhiya engamoyizeli.

UNyanga kwamphatha kabi ukuzwa lamazwi. Wazibona ephakathi kwentuthu yemithi yesintu.





“Ngiyacela, mama. Angifuni ukuba yinyanga. Ngisemncane kakhulu. Angifuni ukusebenza ngemithi. Ngifuna ukuba ngumhlengi.”

"Ungokhethiweyo wami, ngakho uzoba yinyanga. Ngikubize ngoNyanga ngilungiselela lolu suku. Qala ulungise njengoba sesizohamba."





Phakathi kobusuku, wavuka.

Wabuka ikamelo lakhe ngothando.

Uzoba senkingeni ngalokho afuna ukukwenza? Ngabe uzomkhumbula umama wakhe?

*Thwa, thwa, thwa!* Kuzwakala umsindo. NguNyanga ephuma endlini. Uzama ukunyenya. Kumnyama futhi akafuni ukwenza umsindo. Uma ezothinta into, kuzozwakala umsindo!





Endleleni, uNyanga wabona kuqhamuka indoda. Wathuka wacasha ezihlahleni. Kwezwakala umsindo, *Fohlo! Fohlo!*

Indoda yamemeza: “Ngubani lowo?”

“Yimi, baba,” kuphendula uNyanga.

“Uyaphi, mfana? Kuphakathi kobusuku. Awuzesabi izinyamazane? Igama lami nginguMabulala, khuluma masinyane, kusebusuku.”

“Igama lami ngiinguNyanga, ngivela eBhevula. Ngibalekela umama. Ufuna ngibe yinyanga, mina angifuni. Ngicela ungisize!”





“Suka lapha! Nina zingane zamanje ninomkhuba omubi. Anibalaleli abazali benu. Bheka mina, nami ngiyinyanga. Ngivumelana nomama wakho. Akukho okubi uma uyinyanga,” kusho lendoda ithukuthele.

UNyanga wahamba edabukile engakasizakali. Yini azoyenza manje? UNyanga wezwa imisindo yasebusuku ethusayo. Okungaba yibhubezi? Noma ujakalasi?





Umsindo *thwa, thwa, thwa,* ngenkathi uNyanga ehamba ebusuku. Uyesaba futhi ubheka ngapha nangapha. Inhliziyo yakhe ishayela phezulu. Awu! Kungenzeka ukushaya kwenhliziyo yakhe kuyezwakala.

UNyanga wabona kuqhamuka umuntu wesifazane omude. Wabheka ngapha nangapha kepha sasingasekho isikhathi sokubaleka.

"Uyaphi, mfana? Igama lami nginguMadlinyama. Khuluma, ngilalele."

“Igama lami ngingu Nyanga, ngivela eBhevula. Ngibalekela umama. Ufuna ngibe yinyanga, mina angifuni. Ngicela ungisize!”





“Kubi ukubalekela abazali,” kusho lomuntu wesifazane.

UNyanga waqala ukukhala. UMadlinyama wameluleka ukuthi ahambe ayothola usizo enkosini uBheni yasePholani. Kuyashiwo ukuthi uthanda izingane futhi uyazivikela. UNyanga wayejabule kakhulu ukuzwa lokhu.

UNyanga wakhuphukela entabeni. Uya enkosini yasePholani, uBheni. Unethemba ukuthi usezothola usizo. Izinyawo zakhe zilula, futhi manje angahamba masinyane.





Ngaphandle kwendlu yenkosi, uNyanga wathola indoda endala enezinwele ezimpunga ihlezi ngaphandle. Wacela ukubona inkosi, lomkhulu wamngenisa enkosini.

UNyanga waguqa, wacela inkosi ukuba imsize.

"Igama lami nginguNyanga, ngivela eBhevula. Ngibalekela umama. Ufuna ngibe yinyanga, mina angifuni. Ngicela ungisize!"





Inkosi yahamba naye ekhaya kubo. Lezigodi ezimbili zaziseduzane. Uma befika kubo kaNyanga, inkosi yabiza umama wakhe ukuthi eze azochaza. UNyanga wayejabulile. Wase ezwa kubizwa igama lakhe.

“Nyanga! Nyanga! Vuka! Isikhathi sokuya esikoleni. Uzoselwa.” Kwakungumama wakhe embiza.

Uma evula amehlo akhe, wabona ukuthi usekhaya. Wajabula ukubona ukuthi kwakuyiphupho!



Ulwazi Lwethu
Readers

### Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

### Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

### Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN: 978-1-77981-659-7